

# INOVENA KAJOSEFA OCWEBILEYO

10 - 18 MARCH 2021



**USUKU LWESINE: 13-March 2021**

**Josefa Ocwebileyo, Sisebenzi esithembekile  
sikaNkulunkulu.**

Josefa Ocwebileyo, wabe uyisisebenzi esithembekile nesilungileyo sikaNkulunkulu esalalela, sakholwa, sahlonipha sagcwalisa iNtando kaNkulunkulu ngayenako emqondweni Ngawe. Ukuzalwa ebukhosini nesizukulwane sakho, amagrasiya neziphlo, owawathela kuwe uNkulunkulu – konke

lokhu kwakungokwakho ukuze usebenzela uNkulunkulu kahle. Wonke umcabango, amazwi Kanye nezenzo zakho zazinothando nokudumisa iLizwi elaba umuntu.

Isikhundla sakho eMndenini oyiNgcwele okwakwenza ubeyisibonelo, kodwa ngaphandle kokuba umlondi kajesu, wabe ungumfundsi wakhe. Wawunesilungo sokuzinikela ngokupheleleyo, okwakwenza isisebenzi esihle. Uthembekile emsebenzini wakho, wazinikelela kukho konke ngokungazibhekeleli nangokuthokoza. Impilo yakho yonke yayigcwele izipho zokuzinikela njengoba wasebenza ngaphandle kokubatshazwa nenkokhelo. Sibonga uNkulunkulu ngalelithuba akupha lona ube yisisebenzi sakhe esithembekile.

Josefa Ocwebileyo, ngicela nami igrasiya lokuba isisebenzi esithembekile njengawe. Ngisize ukukwabela abanye njengoba wenza, ukuhlionipha okujulile kukaJesu, oweza ukungenzi intando yakhe kodwa ukwenza intando kaYise.

Ngiphakamisa inhliziyo yami ukuncenga ukunxuselwa okukhulu nguwe ukuzuza eNhliiyweni enobuNkulunkulu kajesu wonke amagrasiya engiyadingayo ngokomphefumulo nenhlalakahle, ikakhulukazi igrasiya lokufa okuhle negrasiya elibalulekile engilicela manje.....Mlondolozi weZwi elaba umuntu, nginethemba lokuthi imikhuleko yakho, esikhundleni sami, izozwakala kahle phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu. Amen.



## **UMKHULEKO WONYAKA KAJOSEFA OCWEBILEYO**

Sibalekela kuwe Josefa Ocwebileyo sisosizini. Sithi sesicelile kumakoti wakho ocwebe cwe ukuba asisize, siyakuncenga nawe ngethemba elikhulu ukuba usilondoloze.

Siyakuncengisia ngenxa yothando olwakunamathelisa kuMzali kaNkulunkulu, iVirigo elingenasici, nangenxa yothando lwakho olunjengolukayise, owayithanda ngalo ingane uJesu, sicela ukuba ubheke ngomusa ifa eliligugu, uJesu alizuza ngeGazi lakhe, uze uselekelele ngokusiza kwakho okunamandla thina abasosizini.

Wena Mlondolozi onakekelayo wabendlu eyingcwele, awulondoloze abantwana abakhethiweyo bakajesu Kristo. Baba onesihe kakhulu, akusilondoloze singaze sathelwa ngesifo esithathelwanayo, esiyimfundiso yamanga nokwonakala. Wena Msizi wethu onamandla kakhulu, ake uthi usezulwini, usisize ekulweni kwethu namandla obumnyama.

Njengalokhu wake wophula uJesu eseyingane engozini enkulu yokubulawa, kanjalo-ke manje vikela iBandla eliyingcwele likaNkulunkulu, ulophule emacetsheni onke ezitha zalo nasekuhluphekeni konke. Uze usilondoloze nathi sonke ngaso sonke isikhathi, yikhona sothi sibonela kuwe, sisizwa uwe futhi, sihambe ngokulunga, size sife silungile, sifumane ezulwini ukuthokoza kwaphakade. Amen.

### **Ngesibomu sikaPhapha uFrancis**

Baba wethu,.....

Yethi Maria,.....

Udumo alube.....

**Josefa Ocwebileyo, Mmeli weBandla  
elingcwele, sikhulekele**

